**NCWABA 2016**

Bangani Abathandekayo,

Kulenyanga ngicabanga ngesimilo nezenzo zikaNkulunkulu okumangalisayo. KuMahubo 9 iNkosi uDavide ukhuluma ngokulunga kokwahlulela kukaNkulunkulu. UDavide ubonga uNkulunkulu ngokwambula ukwahlulela ngokulunga izizwe ezimbi. Ngakho, uyathandaza ukhumbula amathuba kaNkulunkulu omusa eqhubeka ehlulela ababi ekhulula abacindezelwe.

Unxusa uNkulunkulu ukuba asheshe abonakalise Amandla akhe phezu kwezizwe ezimbi. Uyaqhubeka emkhulekweni ethi yena akakhunjulwe ngenxa yobuhlungu futhi ambulele kakhulu ukuze ayibonge iNkosi.

[1] Ngiyakumbonga uJehova ngayo yonke inhliziyo yami;
ngiyakulanda zonke izimangaliso zakho. [2] Ngiyakujabula ngethabe kuwe;
ngiyakudumisa igama lakho wena oPhezukonke.

[3] Ngokuba izitha zami zibuyela emumva, ziwa, zibhubha ebusweni bakho. [4] Ngokuba ulimele
ilungelo lami nendaba yami, uhlezi esihlalweni sobukhosi, ungumahluleli olungileyo. [5] Ujezisile
abezizwe, wabhubhisa ababi, igama labo ulesulile kuze kube phakade naphakade.

[13] Yiba nomusa kimi, Jehova; kubone engihlupheka ngakho ngabangizondayo wena ongiphakamisa
emasangweni okufa, [14] Ukuze ngilande ngalo lonke udumo lwakho ngethabe
ngokusindisa kwakho emasangweni endodakazi yaseSiyoni. (Amahubo 9:1–5, 13–14)

Noma siphakathi kwezizwe nabantu ababi, uDavide usikhumbuza ukuthi:

1) **UJehova uyinqaba (nendawo yokuphephela) kwabacindezelweyo.**
2) **Akabafulatheli labo abamfunayo.**
3) **Akakhohliwe ukukhala kwabalahliweyo.**

[9] UJehova uyinqaba yocindezelweyo, uyinqaba ezikhathini zokuhlupheka. [10] Nabalaziyo igama
lakho bayakwethemba wena; ngokuba wena Jehova awubashiyi abakufunayo. [11] Hubani
nimdumise uJehova ohlezi eSiyoni; memezelani ezizweni izenzo zakhe ezinkulu.

Akuthi thina esimaziyo sibeke ithemba lethu kuye, sikhuleke sazi ukuthi uyakuzwa ukukhala kwethu ngeke angabanaki abakhala ngobuhlungu. UNkulunkulu unguMahluleli olungileyo uJesu uyiNkosi yethu. Namhlanje asibe nethemba!

UNkulunkulu akubusise,

Peggy Banks
Global Ministry Director
Project Hannah

**UBUFAKAZI BASE- ALBANIA:**

Kwaba iminyaka eminingi singenabandla endaweni yangakithi. Sathi singezwa nje ngezinhlelo zomsakazo sathokoza kakhulu. Izinhlelo zomsakazo wenu zisenze sakhula kakhulu eNkosini. Ngicela ukunibonga ngezinhlelo za-*Besifazane Abanethemba* Ngokuzilalela ngithole ukwazi okukhulu nokuba seduze noNkulunkulu. **Jorgjie**

Ngokuzalwa angiboni emehlweni kodwa ngilalela izinhlelo zenu ikakhulukazi *Abesifazane Abanethemba*. Lezizinhlelo zingenze ngaqina eNkosini, ngizilalela njalo ngemigqibelo namasonto. **Antigoni**

Ngilalela izinhlelo zenu *Abesifazane Abanethemba*, ngiyakhuthazeka kakhulu. Sengize ngakhetha ukuba umlandeli kaJesu nokuthi ngibaphathe kanjani abanye abantu. Benginempilo enzima kunodlame ekhaya lami. Kodwa kukona konke loko ngibona uKrestu empilweni yami. Sengiyaqonda ukuthi ngezinhlupheko uNkulunkulu uyasakha. uMoya Oyingcwele ungikhumbuza ivesi elithi: "qina ngoba ulinqobile izwe." **Jeta**

Ngibonga uNkulunkulu ngezinhlelo *zaBesifazane Abanethemba*, ngifunde ukuzinakekela mina kanye nabantwana bami. Ngelinye ilanga ngalalela nifundisa ngomntwana ongenwe amakhaza, lololwazi lwangisiza, ngangingazi ukuthi amagciwane ayasuka kumntwana kutheleleke nomunye.Lokho ngakubhala phansi, manje uma umntwana wami egula ngiyaqaphelisisa. Ngangingazi futhi ukuthi uma umntwana egula angagwinya amafinyila bese engenwa amagciwane, ngiyabonga ngakho konke. **Lumturi**

Sengachithekelwa izisu kabili bese ngingakholwa ukuthi uNkulunkulu angangipha umntwana. Omunye umngani wami wangimema ukuba ngiye enkonzweni, ngaya ke ngakhuleka kuNkulunkulu. Ungenzele ummangaliso empilweni yami, ungibusise ngabantwana ababili, futhi ngilindele umntwana wesithathu. Ngibonga uNkulunkulu ngezinhlelo *Abesifazane Abanethemba*, asisizakali nje kuphela ezintweni zempilo kodwa nasemoyeni wethu. INkosi inibusise: **Silvana**

Ngikhulele emndenini okholelwa konkulunkulu. Ngashada ngineminyaka ewu17 ubudala. Sakhetha ukuyohlala eGreece ukwenza ngcono impilo yethu. Sinabantwana ababili, emva kwesikhathi umyeni wami waba sengozini washona. Ngabuyela eAlbania ngezwa ngebandla labakholwayo. Ngase ngiqala ukuya kulelobandla nabantwana bami. Ngafumana uNkulunkulu owangisekela ukuze ngikwazi ukukhulisa abantwana bami ngokufaneleyo. Ikhalenda lomkhuleko, izinhlelo zaBesifazane Abanethemba kunginika Amandla. **Alma**

Ngiyabonga kakhulu ngezinhlelo zenu emsakazweni. Ngiyalalela nemikhuleko yenu ekuseni. Ningifundise ukuba ngikhuleke. Sengiyaya enkonzweni futhi ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uyalalela imikhuleko yami. Ngelinye ilanga ngakhulekela ugogo wami egula, waphila. Odokotela bathi angayi kohlinzwa ngajabula ukuthi uNkulunkulu uphendulile umkhuleko wami. Ngaphinde ngakhulekela ubaba wami owayesophuzweni, namhlanje akasaphuzi, ngiyambonga uNkulunkulu. INkosi inibusise. **Stelina, 16**

Ngiwubaba kodwa ngiyalithanda kakhulu ikhalenda lenu lomkhuleko. Izihloko enizithintayo ziyasiza kakhulu. Ngifunde okuningi ngezimo zabesifazane emhlabeni wonke. Okunye engikuzwe ezinhlelweni zenu ngiye ngingakukholwa, njengokuthi abazali badayisa amantombazane abo ukuze bathole imali? Ngiyabonga kakhulu ngokusiqwashisa. **Sofokli**

Ngihlala eStates kodwa ngiyalithanda ikhalenda lomkhuleko lase-Albania. Ngilalela kwi-internet izicelo zemikhuleko yekhalenda, ngibusiseke. Ngiyajabula ukuthi nikhulekela omama, ngingumama wabantwana ababili, futhi ngiyazi ukuthi kunzima kangakanani ukukhulisa nokukhombisa abantwana indlela okuyiyona yona, ngiyabonga ngemikhuleko yenu. **Ori, Facebook**